Publication: Isolezwe (Gauteng)
Date: Friday, November 17, 2017
Page: 4

LUNGI LANGA

Ubandlululo luncisha izitabane ukwelashwa

UKUCWASWA ngokobulili kuvimbela izitabane ukuthi zifune usizo lwezempilo ezikhungweni zikahulumeni.

Lokhu kuvezwe yimiphumela yocwaningo lweHuman Sciences Research Council (HSRC) eyethulwe izolo eCape Town.

Ngokusho kwalolu cwaningo, olwenziwe eNingizimu Afrika naseNamibia, iningi lezitabane kalithandi ukuya ezikhungweni zezempilo zikahulumeni ngoba lesaba ukucwaswa.

Abacwaningi bakhulume nezitabane eziyizithandani ezingu-27, ezingu-16 zaseNamibia nezingu-11 zaseNingizimu Afrika.

Lokhu kungenzeka kube nomthelela ekwandeni kwezibalo zegciwane lengculazi kwabayizitabane.

Ziveze ukuthi abasebenzi bezempilo bavame ukuziphoxa, baziphathe ngesihluku baphinde bazicwase ngenxa yobutabane.

UDkt Zaynab Essack, obephethe uhlelo locwaningo ku-HSRC, uthe bathole ukuthi izitabane zize zizifihle uma ziye ezikhungweni ngoba zibalekela ukucwaswa.

Uthe inkinga enkulu yindlela abasebenzi ababuka ngayo ubutabane.

"Iningi lalabo esikhulume nabo lithe lingakuthokozela ukuya ezikhungweni zezempilo zikahulumeni uma lingaphathwa ngendlela efanele.

Bathe baze bafike emitholampilo bangasho ukuthi bayizitabane ngoba benqena ukucwaswa. Ukufihla kwenza bagcine sebengalutholi usizo abaludingayo," kusho uDkt Essack.

Iningi lalabo abebeyingxenye yocwaningo lithe kalisho ukuthi ukuthi lilala nabanye abantu besilisa.

UDkt Essack uthe lokhu kuyinkinga ngoba kubavimbela ekutheni bathole usizo lwezinhlelo ezibhekiswe kubona njengohlelo lokuzivikela egciwaneni lengculazi, i-*pre-exposure prophylaxis (PrEP)*, ukuhlolelwa igciwane lengculazi nezinye izifo ezithelelana ngokocansi. Phezu kwalokhu kuphazamisa izinhlelo zokulwa nokusabalala kwegciwane lengculazi.

Abacwaningi bathole ukuthi kudingeka izinhlelo ezizokwenza abasebenzi bakwazi ukubaphatha kangcono abantu besilisa abathandana nabanye besilisa.

Izithandani ebeziyingxenye yalolu cwaningo ziveze ukuthi kaziwasebenzisi amakhondomu uma ziya ocansini. Zikhombise nokungabi nolwazi olwenele ngokuzivikela egciwaneni lengculazi.

Ngokusho kwabacwaningi le miphumela yenza kubaluleke kakhulu ukuthi abasebenzi bezempilo ezikhungweni zikahulumeni baqeqeshwe ngezindlela zokunikeza usizo ezitabaneni.

This material has been copied under a Dalro licence and is not for resale or retransmission.